esenziwa nguNkulunkulu kubobaba, 7 ezithemba ukufinyelela kuso izizwe zakithi ezilithumi lambili, zikhonza ngesineke ebusuku lemini; engimangalelwe ngalelithemba, nkosi Agripha, ngamaJuda. 8 Kungani kukhunjulwa ukuthi kuyinto engakholekiyo kini, nxa uNkulunkulu evusa abafileyo? 9 Ngakho lami ngokwami ngangicabanga ukuthi ngangifanele ukwenza izinto ezinengi eziphambene lebizu likaJesu weNazareth; 10 lami engakwenza eJerusema, njalo mina ngavalela abanengi kwabangcwele entolongweni, sengemukele amandla avela kubapristi abakhulu; lalapho bebulawa ngakukhetha ngimelene labo. 11 Lemasinagogeni wonke ngabajezisa kanengi, ngababamba ngamandla ukuthi bahlambaze; njalo ngahlanya kakhulu ngabo, ngabazingela baze bafika emizini yabezizwe. 12 Okungazo lami ngisiya eDamaseko ngamandla langokuthunywa ngabapristi abakhulu, 13 emini enkulu, nkosi, ngabona endleleni ukukhanya kuvela ezulwini, kudlula ukukhanya kwelanga, kwakhanya kwangizingelezela lalabo ababehamba lami. 14 Kwathi sonke sesiwele phansi emhlabathini, ngezwa ilizwi likhuluma lami lisithi ngolimi lwesiHebheru: Sawuli, Sawuli, ungizingelelani? Kulukhuni kuwe ukukhahlelana lezincijo. 15 Mina ngasengisithi: Ungubani, Nkosi? Wasesithi: Mina nginguJesu omzingelayo. 16 Kodwa sukuma, njalo ume ngenyawo zakho; ngoba ngibonakelele lokho kuwe, ukuthi ngikumise ube yisikhonzi lomfakazi wezinto ozibonileyo, kanye lengizazibonakalisa ngazo kuwe, 17 ngikophula ebantwini lakwabezizwe, engikuthuma kubo khathesi, 18 ukuvula amehlo abo, lokubaphendula emnyameni baye ekukhanyeni, lemandleni kaSathane baye kuNkulunkulu, ukuze bemukelise uthethelelo lwezono, lelifa phakathi kwabangcwelisiweyo ngokholo olukimi. 19 Ngakho, nkosi Agripha, kangalanga ukulalela umbono wezulwini; 20 kodwa ngatshumayela kuqala kwabaseDamaseko labeJerusema, lakulo lonke ilizwe leJudiya, lakwabezizwe, ukuze baphenduke, babuyele kuNkulunkulu, benze imisebenzi efanele ukuphenduka. 21 Ngenxa yalezizinto amaJuda angibamba ethempelini, azama ukungibulala. 22 Ngakho ngizuzile usizo oluvela kuNkulunkulu, kuze kube lamuhla ngimi ngifakaza kubo bonke abancinyane labakhulu, ngingakhulumi lutho ngaphandle kwalezozinto abazikhulumayo abaprofethi

loMozisi ukuthi zizakwenzeka, 23 ukuthi uKristu umele ukuhlupheka, lokuthi engowokuqala ekuvukeni kwabafileyo uzatshumayela ukukhanya kulababantu lakwabezizwe. 24 Kwathi esaziphendulela lezizinto, uFestusi wathi ngelizwi elikhulu: Uyahlanya, Pawuli; ukufunda okunengi kuyakuhlanyisa. 25 Kodwa wathi: Kangihlanyi, mhlekazi Festusi, kodwa ngimemezela amazwi aliqiniso laqondileyo. 26 Ngoba inkosi iyazi ngalezizinto, engikhuluma ngesibindi lakuyo; ngoba ngiqinisekile ukuthi akukho okunye kwalezizinto okufihlakeleyo kuyo; ngoba lokhu kakwenziwanga engonsini. 27 Nkosi Agripha, uyakholwa abaprofethi yini? Ngiyazi ukuthi uyakholwa. 28 UAgripha wasesithi kuPawuli: Usuphose wangiqinisekisa ukuthi ngibe ngumKristu. 29 UPawuli wasesithi: Bengingafisa kuNkulunkulu ukuthi, loba ngokulutshwana loba ngokunengi kungabi nguwe wedwa, kodwa labo bonke abangizwayo lamuhla, babe ngabanje njengoba nginjalo lami, ngaphandle kwalezizibopho. 30 Kwathi esekhulume lezizinto, yasukuma inkosi, lombusi, loBernike, lalabo ababehlezi labo; 31 kwathi sebephumile bakhulumisana, besithi: Lumuntu kenzi lutho olufanele ukufa kumbe ukubotshwa. 32 UAgripha wasesithi kuFestusi: Lumuntu ubengakhululwa, uba ebengalidluliselanga kuKesari.

**27** Kwathi sekuqunyiwe ukuthi siye elthaliya ngomkhumbi, banikela uPawuli lezinye izibotshwa ezithile enduneni yekhulu, nguJuliyu ngebizo, eyesigaba senkosi enkulu. 2 Sasesingena emkhunjini weAdramithiyu, obusuzakuya endaweni zangaseAsiya, saqala ukuhamba, uAristako umMakedoniya weThesalonika wayelathi. 3 Lakusisa safika eSidoni; uJuliyu wasemphatha kuhle uPawuli, wamvumela ukuthi aye kubangane ukuze asizwe. 4 Sasesisuka lapho ngomkhumbi sehla sagudla iKuprozi, ngoba imimoya yayiphambene lathi, 5 kwathi sesidabule ulwandle olungaseKilikhiya lePamfiliya, safika eMira yeLikhya. 6 Lapho-ke induna yekhulu yathola umkhumbi weAleksandriya oya elthaliya, yasikhweza kuwo. 7 Sasesihamba kancinyane okwensuku ezinengi, safika nzima maqondana leKinidu, umoya ungasivumeli, sehla sagudla iKrete maqondana leSalamone; 8 sasesiyigudla kanzima safika endaweni ethile ethiwa yiMathek kwamahle; okwakuseduze layo umuzi iLaseya. 9 Kwathi sekudlule isikhathi esikhulu, njalo sekuyingozi

ukuhamba ngomkhumbi, ngoba lezilo lokudla laseledlule, uPawuli wabeluleka 10 esithi kubo: Madoda, ngiyabona ukuthi uhambo luzakuba lengozi lomonakalo omkhulu, kungeyisiwo owempahla lomkhumbi kuphela kodwa lowempilo zethu. 11 Kodwa induna yekhulu yakholwa induna yomkhumbi lomnikazi wawo kulezinto ezazitshiwo nguPawuli. 12 Kwathi njengoba itheku lalingalungelanga ukuhlalwa ebusika, inengi labo lacebisa ukuthi kusukwe lalapho, mhlawumbe kwenzeke ukuthi bafike eFenikisi bahlale khona ebusika, itheku leKrete elikhangele eningizimuntshonalanga lenyakathontshonalanga. 13 Njalo kuthe umoya weningizimu usuphephetha buthakathaka, banakana ukuthi sebekuzizile lokho ababekuqondile, sebephakamise ingwegwe sagudla eKrete. 14 Kodwa kungabanga yisikhathi eside umoya oyisivunguzane, othiwa iYurakildoni, wawutshaya; 15 umkhumbi wasubanjwa, wehluleka ukukhangelana lomoya, sasesiwuyekela undenda. 16 Sathi sesigudla phansi kwesihlengana esithile esithiwa yiKlawuda, senelisa kalukhuni ukuwubamba umkolo; 17 abathi sebewuphanyekile, basebenzisa izincediso, babopha ngamagoda azingelezela umkhumbi; basebesesaba ukuthi bazaphoseka eSirtisi, behlisa iseyili, ngokunjalo basebendenda. 18 Kuthe ukuthi siphoswe kakhulu yisiphepho, ngolulandelayo baphosa impahla; 19 kwathi ngolwesithathu salahla izikhali zomkhumbi ngezandla zethu uqobo. 20 Kwathi kungelalanga njalo kungelankanyezi ezibonakalayo insuku ezinengi, lesiphepho esingesincinyane siqinisa, kusukela lapho laseliphela ithemba lonke lokuthi sizasinda. 21 Kwathi sekuyisikhathi eside bengasadli, uPawuli wasesukuma phakathi kwabo, wathi: Madoda, ngabe lalalela mina kalaze lasuka eKrete, njalo laphepha kulobubunzima lakulumonakalo. 22 Khathezi-ke sengileluleka ukuthi lime isibindi; ngoba kakusozwe kulahleke impilo leyodwa kini, ngaphandle komkhumbi. 23 Ngoba ngalobubusuku bekumi kimi ingilosi kaNkulunkulu, engingowakhe, lengimkhonzayo, 24 yathi: Ungesabi Pawuli; ngoba umele ukuma phambi kukaKesari; njalo khangela, uNkulunkulu ukuphile bonke labo abahamba ngomkhumbi lawe. 25 Ngakho manini isibindi madoda; ngoba ngiyakholwa kuNkulunkulu ukuthi kuzakuba njengalokho engikutsheliweyo. 26 Kodwa kumele sitshayeke esihlengeni esithile. 27 Kwathi sekufike ubusuku betshumi lane, sasindenda sizula

olwandle lweAdriya, phakathi kobusuku, abomkhumbi bakhumbula ukuthi umhlabathi othile usondela kubo; **28** basebephosa intambo yokulinganisa bathola amafathome angamatshumi amabili; sebeqhubekile kancinyane baphosa intambo yokulinganisa futhi, bathola amafathome alitshumi lanhlanu; **29** njalo sesaba ukuthi mhlawumbe singatshayeka emadwaleni, basebephosela ingwegwe ezine ngemva komkhumbi, bafisa ukuthi kuse. **30** Abomkhumbi sebezama ukubaleka emkhunjini, basebesehlisela olwandle umkolo ngokungathi basebezakwehlisela ingwegwe ngaphambi komkhumbi, **31** uPawuli wathi enduneni yekhulu lakwabebutho: Uba laba bengahlali emkhunjini, lingesindiswe lina. **32** Abebutho basebequma amagoda omkolo, bawuyekela wawa. **33** Kwasekusithi sekuzakusa, uPawuli wabancenga bonke ukuthi bathathe ukudla, esithi: Lamuhla kulusuku lwetshumi lane liindile lihlezi lingadli, lingathathi lutho. **34** Ngakho ngiyalincenga ukuthi lithathe ukudla; ngoba lokhu ngokosindiso lwenu; ngoba kakuyikuwa komunye unwele lwekhanda lenu. **35** Kwathi esetshilo lezizinto, esethe the isinkwa, wabonga uNkulunkulu phambi kwabo bonke; wasihlephula waqala ukudla. **36** Basebesima isibindi bonke njalo bona bathatha ukudla. **37** Njalo thina sonke esasisemkhunjini sasiyimiphefumulo engamakhulu amabili amatshumi ayisikhombisa lesithupha. **38** Njalo sebesuthi ukudla baphungula umkhumbi, baphosela amabele olwandle. **39** Kwathi sekusile, kabalazanga ilizwe; kodwa babona itheku elithile lilokhumbi, abamisa ukuthi baqhubele umkhumbi kulo, uba kungenzeka. **40** Basebequma ingwegwe baziyekela olwandle, ngesikhathi esifananayo bathukululula amagoda abophe amaphini okuqondisa, baphakamisela emoyeni iseyili yaphambili baqonda ekhunjini. **41** Basebefika bengananzelele endaweni lapho olwandle olwaluhlangana khona bawuqhubela umkhumbi esihlabathini; njalo isihloko somkhumbi sagxumekeka sahlala singanyikinyeki, kodwa ingemuva yomkhumbi yepfulwa ngamandla amagagasi. **42** Labebutho babeqonde ukubulala izibotshwa, hlezi ezinye zibaleke ngokuntshezela khatshana. **43** Kodwa induna yekhulu, ifisa ukusindisa uPawuli, yabavimbela kunjongo yabo, yasilaya ukuthi labo abakwaziyo ukuntsheza baziphosele olwandle kuqala, baye emhlabathini; **44**

labaseleyo, abanye ngamapulanka, labanye ngezinye zezinto zomkhumbi. Ngokunjalo-ke kwenzeka ukuthi bonke bafike emhlabathini besindile.

**28** Kwathi sebesindile, basebesizwa ukuthi isihlengi sithiwa yiMelitha. **2** Labalelolizwe basiphatha ngomusa ongandanga; ngoba babasa umlilo, basemukela sonke, ngenxa yezulu elaseliqualisile, langenxa yomqando. **3** UPawuli wasetheza umnyaba wenkuni, wazibeka emlilweni, kwaphuma inyoka ngenxa yokutshisa, yanamathela esandleni sakhe. **4** Kwathi abalelolizwe bebona isilo silenga esandleni sakhe, bakhulumisana besithi: Isibili lumuntu ungumbulali, othi esindile olwandle, ukulunga kakuvumi ukuthi aphile. **5** Yena-ke wasithintithela emlilweni isilo, akaze ehlelwa yibubi. **6** Basebelindela ukuthi uzavuvuka lokuthi awele phansi ahle afe; kwathi sebelinde isikhathi eside, basebebona ukuthi kakulalutho olubi olwenzakala kuye, baphendula imicabango yabo bathi ungukulunkulu. **7** Kubomakhelwane baleyondawo kwakulamasimu esikhulu sesihlengi, uPubliyo ngebizo; owasemukela wasingenisa kuhle insuku ezintathu. **8** Kwasekusithi uyise kaPubliyo wayelele ebanjwe luquhuqho lesisu segazi; angena kuye uPawuli, wakhuleka, wabeka izandla phezu kwakhe, wamsilisa. **9** Ngakho lokho sekwenzakele, beza labanye ababesihlengi ababelezifo basebesiliiswa; **10** abasidumisa langodumo olunengi, njalo mhla sisukayo ngomkhumbi, basethesa izinto ezidingekayo. **11** Kwathi emva kwenyanga ezintathu sasuka ngomkhumbi weAleksandriya, owawuhlezi ebusika esihlengi, ulophawu oluthiwa ngoDiyosikuroyi. **12** Sasesifika eSirakhuse sahlala insuku ezintathu; **13** sasuka lapho sahamba ngokubhoda sayafika eRegiyuma, sekudlule usuku olulodwa kwafika umoya weningizimu, safika ePuthiyoli ngosuku lwesibili; **14** lapho esafika khona abazalwane, sacelwa ukuhlala labo insuku eziyisikhombisa; ngokunjalo saya-ke eRoma. **15** Njalo besuka lapho abazalwane sebezile izinto ngathi, beza ukusihlangabeza baze bafika eApiyi Foruma leNdlini zeZihambi eziNtathu; okwathi uPawuli ebabona, wabonga uNkulunkulu, wema isibindi. **16** Sathi sesifike eRoma, induna yekhulu yanikela izibotshwa enduneni yabalindi; kodwa uPawuli wavunyelwa ukuhlala yedwa, lowebutho omlindayo.

17 Kwasekusithi emva kwensuku ezintathu uPawuli wabizela ndawonye labo abangabakhulu bamaJuda; sebebuthene, wathi kubo: Madoda bazalwane, mina kangenzanga lutho oluphambene lesizwe kumbe lamasiko abobaba, ngiyisibotshwa ngivela eJerusalema nganikelwa ezandleni zamaRoma; 18 wona esengihlolile afuna ukungikhulula, ngoba kungekho kimi cala elifanele ukufa. 19 Kodwa amaJuda ala, ngacindezeleka ukulidlulisele kuKesari, kungeyisikho ukuthi ngilolutho olokumangalela isizwe sakithi. 20 Ngakho ngenxa yalesisizatho ngilibizele lapha ukuthi ngilibone ngikhulume lani; ngoba ngenxa yethemba likalsrayeli ngizingezelelwe ngaleliketane. 21 Basebesithi kuye: Thina kasemukelanga izincwadi ngawe ezivela eJudiya, futhi loba ngubani wabazalwane, esefikile, kabikanga kumbe akhulume lutho olubi ngawe. 22 Kodwa sifisa ukuzwa izinto ozinakanayo wena; ngoba mayelana lalobububhazuka siyazi ukuthi buyaphikiswa endaweni zonke. 23 Njalo kwathi sebebmmisele usuku, abanengi beza kuye endlini yezihambi; owabachasisela wafakaza umbuso kaNkulunkulu, ebancenga ngezinto zikaJesu, ethathela emlayweni kaMozisi kanye labaprofethi, kusukela ekuseni kakhulu kwaze kwaba kusihlwa. 24 Abanye basebekholwa izinto azitshoyo, kodwa abanye kabakholwanga. 25 Kwasekusithi bengavumelani bodwa basuka bahamba, uPawuli esekhulume ilizwi laba linye lokuthi: Wayekhulume kuhle uMoya oyiNgcwele ngolsaya umprofethi kubobaba bethu, 26 esithi: Hamba uye kulesisizwe ubususithi: Ngokuzwa lizakuzwa, njalo kalisoze liqedisise; lokubona lizabona, njalo kalisoze libonisise. 27 Ngoba inhliziyi yalesisizwe seyaba buthundu, njalo bezwa kanzima ngendlebe, lamehlo abo bawacimezile; hlezi babone ngamehlo, njalo bezwe ngendlebe, futhi baqedisise ngenhliziyi, njalo baphenduke, besengibasilisa. 28 Ngakho kakwaziwe kini, ukuthi usindiso lukaNkulunkulu luyathunyelwa kwabezizwe, bona-ke bazakuzwa. 29 Njalo kwathi esetshilo lezizinto, amaJuda asuka, elokuphikisana okukhulu phakathi kwawo. 30 UPawuli wasehlala iminyaka emibili egcweleyo endlini yakhe uqobo ayeyiqhatshile, wemukela bonke abangena kuye, 31 watshumayela umbuso kaNkulunkulu, njalo wafundisa ngeNkosi uJesu Kristu, ngaso sonke isibindi, engelakuvinjelwa.

# KwabaseRoma

**1** UPawuli, inceku kaJesu Kristu, ebizelwe ukuba ngumphostoli, ehlukaniselwe ivangeli likaNkulunkulu, **2** (alithembisa ngaphambili ngabaprofethi bakhe emibhalweni engcwele), **3** mayelana leNdodana yakhe, eyavela enzalweni kaDavida ngokwenyama, **4** eyabonakaliswa ukuba yiNdodana kaNkulunkulu ngamandla, ngokukaMoya wobungcwele, ngokuvuka kwabafileyo, uJesu Kristu iNkosi yethu; **5** esemukela ngaye umusa lobuphostoli ukuthi kube yikulalela kokholo phakathi kwezizwe zonke, ngenxa yebizo lakhe, **6** elikuzo lani, babizweyo bakaJesu Kristu: **7** Kubo bonke abaseRoma, abathandiweyo bakaNkulunkulu, ababizelwe ukuba ngabangcwele: Kakube kini umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu leNkosini uJesu Kristu. **8** Kuqala-ke ngibonga uNkulunkulu wami ngoJesu Kristu ngani lonke, ukuthi ukholo lwenu lumenyezela emhlabeni wonke. **9** Ngoba uNkulunkulu ungumfakazi wami, engimkhonza emoyeni wami ngevangeli leNdodana yakhe, ukuthi kangiyekeli ukulikhumbula, **10** ngesikhathi sonke emikhulekweni yami ngicela, ukuthi nxa kusenzeka ngentando kaNkulunkulu, ngiphumelele ukuza kini ekucineni. **11** Ngoba ngilangatha ukulibona, ukuze ngiliphe isipho esithile somoya, ukuze liqiniswe, **12** okuyikuthi, siduduzeke ndawonye phakathi kwenu ngokholo olukumunye lomunye, olwenu kanye lolwami. **13** Kanti angithandi ukuthi kungaziwa kini, bazalwane, ukuthi ngazimisela kanengi ukuza kini (ngasengibambeka kuze kube khathesi), ukuze ngizuze esinye isithelo laphakathi kwenu, lanjengaphakathi kwezinye izizwe. **14** Ngilomlandu kumaGriki kanye lakwabezizwe, kwabahlakaniphileyo kanye lakwabangahlakaniphanga; **15** ngokunjalo njengokukimi ngilungele ukutshumayela ivangeli lakini abaseRoma. **16** Ngoba kangilanhloni ngevangeli likaKristu; ngoba lingamandla kaNkulunkulu kube lusindiso kuye wonke okholwayo, kumJuda kuqala lakumGriki. **17** Ngoba ukulunga kukaNkulunkulu kwembulwa kilo kusukela kukholo kusiya kukholo; njengokulotshiweyo ukuthi: Kodwa olungileyo uzaphila ngokholo. **18** Ngoba ulaka lukaNkulunkulu luyabonakaliswa luvela ezulwini phezu kwakho konke ukungakhonzi uNkulunkulu lokungalungi kwabantu

abavimbela iqiniso ngokungalungi; **19** ngoba lokho okwaziwayo ngoNkulunkulu kusobala phakathi kwabo; ngoba uNkulunkulu ukubonakalisile kubo. **20** Ngoba okungabonwayo kwakhe, selokhu kwadatshulwa umhlaba, kuzwisiseka ngezinto ezenziweyo, kubonakaliswa obala, ngitsho amandla akhe aphakade kanye lobuNkulunkulu bakhe, kuze kuthi kabalakuzivikela; (aiōnios g126) **21** ngoba kuthe bemazi uNkulunkulu, kabamdumisanga njengoNkulunkulu kabambonga, kodwa baba yize kumicabango yabo, lenhliziyo yabo engaqondiyo yenziwa yaba mnyama. **22** Bezitshaya abahlakaniphileyo baba yizithutha, **23** lenkazimulo kaNkulunkulu ongabhubhiyo bayiphendulela ekufananeni lomfanekiso womuntu obhubhayo, lowezinyoni, lowezidalwa ezilenyawo ezine, lowokuhquzelayo. **24** Ngalokho-ke uNkulunkulu wabanikela emanyaleni, enkanukweni zenzhiziyo zabo, ukuthi badumaze imizimba yabo phakathi kwabo; **25** abaphendulela iqiniso likaNkulunkulu emangeni, basebedumisa bekhonza okudaliweyo kuloMdali, ongobongekayo kuze kube phakade. Amen. (aiōn g165) **26** Ngenxa yalokho uNkulunkulu wabanikela enkanukweni ezilihlazo; ngoba labesifazana babo baphendula ukwenza kwemvelo kwaba ngokuphambene lemvelo; **27** langokunjalo labesilisa bayekela ukwenza kwemvelo kowesifazana, batsha ngokukhanukana kwabo, abesilisa labesilisa benza okulihlazo, bemukeliswa phakathi kwabo umvuzo ofanele ukuduha kwabo. **28** Njalo njengalokho bengavumanga ukuba lolwazi ngoNkulunkulu, uNkulunkulu wabanikela ukuthi babe lengqondo ebolileyo, eyokwenza izinto ezingafanelanga; **29** begcwaliswe konke ukungalungi, ukuphinga, ububi, umhawu, inzondo; begcwele umona, ukubulala, inkani, inkohliso, ulunya; abahlebayo, **30** abanyeyayo, abazonda uNkulunkulu, abangelamakhanda, abazigqajayo, abazikhukhumezayo, abaqambi bezinto ezimbi, abangalaleli abazali, **31** abangelangqondo, abephula izithembiso, abalolunya, abangelakuxoliswa, abangelasihawu; **32** abathi besazi umlayo wokulunga kaNkulunkulu, ukuthi abenza izinto ezinjalo bafanele ukufa, kungesikuthi bayazenza kuphela, kodwa futhi bevumelana labazenzayo.

**2** Ngakho kawulakuzilandulela, wena muntu, loba ungubani owahlulelayo; ngoba ngalokho

owahlulela ngakho omunye, uyazilahla wena, ngoba wena owahlulelayo wenza izinto ezifananayo. **2** Njalo siyazi ukuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu kungokweqiniso phezu kwalabo abenza izinto ezinjalo. **3** Njalo ucabanga lokho yini, O muntu owahlulela abenza izinto ezinjalo, lawe uzenza lezozinto, ukuthi wena uzaphepha ukwahlulela kukaNkulunkulu? **4** Kumbe uyayeyisa yini inotho yomusa wakhe leyokubekezela lesineke, ungazi ukuthi umusa kaNkulunkulu ukukhokhelela ekuphendukeni? **5** Kodwa ngobulukhuni bakho lenhliziyo yakho engaphendukiyo uzibekela ulaka ngosuku lolaka lolwesambulo sokwahlulelwa okulungileyo kukaNkulunkulu, **6** ozavuzela lowo ngokwemisebenzi yakhe; **7** impilo elaphakade kubo abalesineke ngokwenza imisebenzi elungileyo bedinga inkazimulo lodumo lokungabhubhi; (aiōnios g166) **8** kodwa intukuthelo lolaka kulabo abalenkani, njalo bengalaleli iqiniso kodwa belalela ukungalungi, **9** usizi lokubandezeleka, phezu kwawo wonke umphefumulo womuntu owenza ububi, owomJuda kuqala lowomGriki; **10** kodwa inkazimulo lodumo lokuthula kuye wonke owenza okuhle, kumJuda kuqala lakumGriki; **11** ngoba kakukho ukubandlulula umuntu kuNkulunkulu. **12** Ngoba bonke abonileyo bengelamlayo, ngokunjalo bazabhubha bengelamlayo; njalo bonke abonileyo emlayweni, bazagwetsywa ngomlayo; **13** ngoba kakusibo abezwayo umlayo abalungileyo phambi kukaNkulunkulu, kodwa abenzayo umlayo bazalungisiswa. **14** Ngoba nxa abezizwe abangelawo umlayo besenza ngokwemvelo okungokomlayo, bona, bengelawo umlayo, bangumlayo kubo ngokwabo; **15** ababonakalisa ukuthi umsebenzi womlayo ulotshiwe enhliziyweni zabo; isazela sabo laso siyafakaza, lemicabango yabo ibasole omunye komunye kumbe njalo ibavikele omunye komunye, **16** ngosuku uNkulunkulu azakwahlulela ngalo imfihlo zabantu, ngoJesu Kristu, ngokwevangeli lami. **17** Khangela wena ubizwa ngokuthi ungumJuda, weyeme emlayweni, uzincoma ngoNkulunkulu, **18** usazi intando yakhe, usemukela izinto ezingcono, ufundiswe emlayweni, **19** njalo uzithembile wena ukuthi ungumholi weziphofu, ukukhanya kwabasemnyameni, **20** umeluleki wezithutha, umfundisi wensane, ulesimo solwazi lolweqiniso emlayweni. **21** Ngakho

wena ofundisa omunye, kawuzifundisi yini? Wena otshumayela ukuthi ungebi, uyeba yini? **22** Wena othi ungaphebi, uyafeba yini? Wena onengwa yizithombe, uphanga amathempeli yini? **23** Wena ozincoma ngomlayo, udumaza uNkulunkulu ngokweqa umlayo yini? **24** Ngoba ibizo likaNkulunkulu liyahlanjazwa phakathi kwabezizwe ngenxa yenu, njengoba kulotshiwe. **25** Ngoba isibili ukusoka kuyasiza, uba usenza umlayo; kodwa uba ungumeqi womlayo, ukusoka kwakho sekuyikungasoki. **26** Ngakho uba ukungasoki kugcina izimiso zomlayo, ukungasoki kwakhe kakuyikubalwa yini ukuthi kuyikusoka? **27** Lokungasoki ngemvelo, uba kugcwalisa umlayo, kungekugwebe yini wena ongumeqi womlayo ngombhalo langokusoka? **28** Ngoba kayisuye umJuda onguye ngokusobala, njalo kakusikho ukusoka okusobala enyameni; **29** kodwa yena ungumJuda onguye ngasese, lokusoka kungokwenhliziyo, emoyeni, kungeyisikho ngombhalo; ondumiso yakhe kayiveli ebantwini kodwa kuNkulunkulu.

**3** Pho-ke yibuphi ubungcono bomJuda, kumbe luyini usizo lokusoka? **2** Kukhulu ngendlela yonke; ngoba kuqala-ke ukuthi baphathiswe amazwi kaNkulunkulu. **3** Ngoba kuyini uba abanye bengakholwanga? Ukungakholwa kwabo kuzakwenza ize ukholo lukaNkulunkulu yini? **4** Phinde! Kodwa uNkulunkulu kabe leqiniso, kodwa wonke umuntu abe ngumqambimanga, njengokulotshiweyo ukuthi: Ukuze uthiwe ulungile emazwini akho, unqobe ekwahlulelweni kwakho. **5** Kodwa uba ukungalungi kwethu kubonakalisa ukulunga kukaNkulunkulu, sizakuthini? Kambe uNkulunkulu kalunganga yini owehlisela ulaka? (Ngikhuluma njengomuntu.) **6** Phinde! Uba kungenjalo uNkulunkulu uzawahlulela njani umhlaba? **7** Ngoba uba iqiniso likaNkulunkulu landisile kakhulu edumeni lwakhe ngamanga ami, ngisagwetshelwani mina futhi njengesoni? **8** Njalo kungenjengalokhu sigconwa, lanjengoba abanye bathi thina sithi: Kasenze izinto ezimbi ukuze kuvele okuhle? Abakulahlwa kwabo kuba ngokokulunga. **9** Pho-ke? Singcono yini? Hatshi bo! Ngoba sesiwalile mandulo amaJuda kanye lamaGriki ukuthi wonke angaphansi kwesono, **10** njengokulotshiweyo ukuthi: Kakho olungileyo, kakho loyedwa; **11** kakho oqedisisayo, kakho odinga uNkulunkulu; **12** bonke baphambukile, kabasizi lutho bonkana; kakho owenza okuhle, kakho

ngitsho loyedwa; 13 umphimbo wabo ulingcwaba elivulekileyo; bakhohlisa ngenlimi zabo; ubuhlungu bephimpi bungaphansi kwendebe zabo; 14 omlomo wabo ugcwele ukuqalekisa lokubaba; 15 inyawo zabo ziphangisela ukuchitha igazi; 16 incithakalo losizi kusendleleni zabo, 17 njalo indlela yokuthula kabayazanga; 18 ukwesaba uNkulunkulu kakukho phambi kwamehlo abo. 19 Njalo siyazi ukuthi konke okutshoyo umlayo, ukukhuluma kubo abangaphansi komlayo, ukuze yonke imilomo ivinjwe, lokuthi umhlaba wonke ube lecala kuNkulunkulu; 20 ngoba emisebenzini yomlayo kakulanyama ezalungisiswa phambi kwakhe; ngoba ngomlayo kulokwazi isono. 21 Kodwa khathesi-ke sekubonakalisiwe ukulunga kukaNkulunkulu ngaphandle komlayo, okufakazelwa ngumlayo labaprofethi; 22 ngitsho ukulunga kukaNkulunkulu ngokholo lukaJesu Kristu kubo bonke laphezu kwabo bonke abakhulwayo; ngoba kawukho umehluko; 23 ngoba bonke bonile basilele enkazimulweni kaNkulunkulu, 24 balungisiswa ngesihle ngomusa wakhe ngohlengo olukuKristu Jesu; 25 uNkulunkulu ammisayo ukuthi abe yinhlawulo yokuthula, ngokholo egazini lakhe, ukuze kube yisibonakaliso sokulunga kwakhe, ngokuyekelwa kwezono ezenziwa ngaphambili, ekubekezeleni kukaNkulunkulu; 26 ukuze kube yisibonakaliso sokulunga kwakhe kulesisikhathi, ukuze abe ngolungileyo lokuthi uyamlungisisa ongowokholo lukaJesu. 27 Ngakho kungaphi ukuzincoma? Kuvallelwe phandle. Ngomthetho bani? Wemisebenzi yini? Hatshi bo, kodwa ngomthetho wokholo. 28 Ngakho siphetha ngokuthi umuntu ulungisiswe ngokholo, ngaphandle kwemisebenzi yomlayo. 29 Kambe unguNkulunkulu wamaJuda kuphela? Njalo kayisuye lowabezizwe yini? Yebo lowabezizwe; 30 lokhu uNkulunkulu emunye, ozalungisisa ukusoka ekholweni, lokungasoki ngokholo. 31 Ngakho siyawenza umlayo ube yize ngokholo yini? Phinde! Kodwa siyawuqinisa umlayo.

**4** Pho-ke sizakuthi uAbrahama ubaba wethu wazuzani ngokwenyama? 2 Ngoba uba uAbrahama walungisiswa ngemisebenzi, ulokuzincoma, kodwa kungekho phambi kukaNkulunkulu. 3 Ngoba umbhalo uthini? Uthi: Kodwa uAbrahama wakhulwa kuNkulunkulu, kwasekubalelwa kuye ukuthi yikulunga. 4 Kodwa kulowo osebenzayo kabalelwa iholo

ngokomusa, kodwa ngokomlandu. 5 Kodwa kulowo ongasebenziyo, kodwa ekholwa kuye olungisisa oweyisa uNkulunkulu, ukholo lwakhe lubalelwa ukuthi yikulunga. 6 Njengoba laye uDavida ekhuluma ngokubusiswa komuntu, uNkulunkulu ambalela ukulunga ngaphandle kwemisebenzi esithi: 7 Babusisiwe abaziphambeko zabo zithethelelwe labazono zabo zisitshekelwe. 8 Ubusisiwe umuntu iNkosi engasoze yambalela isono. 9 Ngakho lokhukubusiswa kuphezu kokusoka yini, kumbe laphezu kokungasoki? Ngoba sithi: Ukholo lwabalelwa kuAbrahama ukuthi luyikulunga. 10 Pho lwabalelwa njani? Lapho esekusokeni yini, kumbe ekungasokini? Kungekho ekusokeni, kodwa ekungasokini. 11 Wasesemukela isibonakaliso sokusoka, uphawu lokulunga kokholo ayelakho ekungasokini; ukuze abe nguyise wabo bonke abakhulwayo lanxa bengasokanga, ukuze ukulunga kubalelwe lakibo; 12 loyise wokusoka kulabo abangayisibo bokusoka kuphela, kodwa futhi abahamba ezinyathelweni zokholo lukababa wethu uAbrahama ayelalo engakasokwa. 13 Ngoba kasingomlayo isithembiso kuAbrahama kumbe kunzalo yakhe, ukuthi uzakuba yindlalifa yomhlaba, kodwa ngokulunga kokholo. 14 Ngoba uba labo abomlayo beyizindlalifa, ukholo lwenziwe ize, lesithembiso senziwa ize; 15 ngoba umlayo ubanga ulaka; ngoba lapho okungekho khona umlayo, kakukho lokweqa. 16 Ngakho kungokholo, ukuze kube ngokomusa; ukuze isithembiso siqiniseke kuyo yonke inzalo; kungeyisiyo engeyomlayo kuphela kodwa lakuyo engeyokholo lukaAbrahama, ongubaba wethu sonke, 17 (njengokulotshiweyo ukuthi: Ngikumisile ukuthi ube nguyise wezizwe ezinengi) phambi kwakhe akholwa kuye, uNkulunkulu, ophilisa abafileyo, lobiza izinto ezingekho ngokungathi zikhona. 18 Owathi emelane lethemba wakhulwa ngethemba, ukuze abe nguyise wezizwe ezinengi, njengalokho okwatshiwoyo ukuthi: Izakuba njalo inzalo yakho. 19 Njalo kabanga buthakathaka ekholweni, kakananga umzimba wakhe uqobo owawusufile, ngoba wayesengaba leminyaka elikhulu, lokufa kwesizalo sikaSara; 20 njalo kathandabuzanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakhulwa, kodwa waqiniswa ekholweni, enika uNkulunkulu udumo, 21 njalo eqinisekile ngokupheleleyo ukuthi lokho ayekuthembisile, ulamanda ngitsho okukwenza.

22 Ngalokho-ke kwabalelwa kuye ukuthi yikulunga. 23 Kakubhalwanga-ke ngenxa yakhe yedwa, ukuthi kwabalelwa kuye; 24 kodwa langenxa yethu, esizabalelwa khona, thina esikholwa kuye owavusa uJesu iNkosi yethu kwabafileyo, 25 owanikelwa ngenxa yeziphambeko zethu, wavuswa ngenxa yokulungisiswa kwethu.

**5** Ngakho sesilungisisiwe ngokholo, silokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu, 2 okungaye njalo silokungena ngokholo kulumusa esimi kuwo, sizincoma ethembeni lobukhosi bukaNkulunkulu. 3 Kakusikho lokhu-ke kuphela, kodwa sizincoma langezinhlupheko, sisazi ukuthi ukuhlupheka kuveza ukubekezela, 4 lokubekezela ukuqina, lokuqina ithemba; 5 lethemba kalidanisi, ngoba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe enhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esimuphiweyo. 6 Ngoba sisebuthakathaka, ngesikhathi esifaneleyo uKristu wafela abeyisa uNkulunkulu. 7 Ngoba kunzima ukuthi umuntu afele olungileyo; kodwa mhlawumbe kungaba khona ngitsho olesibindi sokufela olungileyo. 8 Kodwa uNkulunkulu uqinisa uthando lwakhe uqobo kithi, ukuthi uKristu wasifela siseyizoni. 9 Ngakho kakhulu-ke, lokhu sesilungisisiwe khathesi ngegazi lakhe, sizasindiswa ngaye elakeni. 10 Ngoba uba, lapho siseyizitha, sesibuyisene loNkulunkulu ngokufa kweNdodana yakhe, ikakhulu lokhu sesibuyisene sizasindiswa ngempilo yayo; 11 njalo kakusikho lokhu kuphela, kodwa sizincoma futhi kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu, esesemukele ngaye ukubuyisana. 12 Ngakho, njengalokhu ngamuntu munye isono sangena emhlabeni, langesono ukufa, ngokunjalo ukufa kwedlulela kubo bonke abantu, ngoba bonke bonile; 13 ngoba kuze kufike umlayo isono sasikhona emhlabeni; kodwa isono kasibalelwa, ungekho umlayo, 14 kanti ukufa kwabusa kusukela kuAdamu kusiya kuMozisi, laphezu kwalabo ababengonanga okufanana lokweqa kukaAdamu, ongumfanekiso wakhe obezakuzo. 15 Kodwa kungenjengesiphambeko, sinjalo lesipho somusa. Ngoba uba ngesiphambeko soyedwa abanengi bafa, ikakhulu kwanda kwabanengi umusa kaNkulunkulu, lesipho ngomusa womuntu munye, uJesu Kristu. 16 Futhi isipho kasinjengoyedwa owonayo; ngoba isigwebo sasingesidwa ngasekulahlweni, kodwa isipho somusa ngeseziphambeko ezinengi

ngasekulungisisweni. 17 Ngoba uba ngesiphambeko somuntu oyedwa ukufa kwabusa ngalowo oyedwa, ikakhulu bona abemukela ubunengi bomusa lobesipho sokulunga bazabusa empilweni ngalowo oyedwa, uJesu Kristu. 18 Ngakho njengoba ngesiphambeko soyedwa isigwebo saba kubo bonke abantu ukuya ekulahlweni, ngokunjalo langokulunga koyedwa umusa weza kubo bonke abantu ukuya ekulungisisweni kwempilo. 19 Ngoba njengoba ngokungalaleli komuntu munye abanengi benziwa izoni, ngokunjalo langokulalela koyedwa abanengi bazakwenziwa abalungileyo. 20 Phezu kwalokho umlayo wangena, ukuze isiphambeko sande; kodwa lapho okwanda isono khona, umusa wanda kakhulukazi; 21 ukuze njengoba isono sabusa ekufeni, ngokunjalo lomusa ubuse ngokulunga kuze kube sempilweni elaphakade, ngoJesu Kristu iNkosi yethu.

(aiōnios g166)

**6** Ngakho sizakuthini? Sizahlala yini esonweni, ukuze kwande umusa? 2 Phinde! Thina esafa mayelana lesono, sizaphila njani kuso futhi? 3 Kalazi yini ukuthi thina sonke esabhabhathizelwa kuKristu Jesu, sabhabhathizelwa ekufeni kwakhe? 4 Ngakho sangcwatshwa kanye laye ngobhabhathizo ekufeni; ukuze, njengoba uKristu wavuswa kwabafileyo ngobukhosi bukaYise, ngokunjalo lathi sihambe ebutsheni bempilo. 5 Ngoba uba sihlanyelwe kanye laye ekufananeni kokufa kwakhe, sizakuba njalo lekufananeni kokuvuka kwakhe; 6 sisazi lokhu, ukuthi umuntu wethu omdala ubethelwe laye, ukuze umzimba wesono ubhujiswe, ukuze singabe sisakhonza isono; 7 ngoba ofileyo ukhululiwe esonweni. 8 Njalo uba sifile kanye loKristu, siyakholwa ukuthi sizaphila futhi kanye laye; 9 sisazi ukuthi uKristu esevusiwe kwabafileyo kasafi futhi; ukufa kungeke kusabusa phezu kwakhe. 10 Ngoba lokhu wafa, wafela isono kanye; kodwa lokhu ephila, uphilela uNkulunkulu. 11 Ngokunjalo lani zinakaneni sibili lifile esonweni, kodwa liphilele uNkulunkulu ngoKristu Jesu iNkosi yethu. 12 Ngakho kakumelanga isono sibuse emzimbeni wenu ofayo, lize lisilalele ezinkanukweni zawo; 13 njalo linganikeli izitho zenu zibe yizikhali zokungalungi esonweni; kodwa zinikeleni lina kuNkulunkulu njengabaphilayo kwabafileyo, lezitho zenu kuNkulunkulu zibe yizikhali zokulunga; 14 ngoba isono kasiyikubusa phezu kwenu; ngoba kalikho



ngaphansi komlayo, kodwa ngaphansi komusa. 15 Pho-ke? Sizakona yini, ngoba singekho ngaphansi komlayo, kodwa ngaphansi komusa? Phinde! 16 Kalazi yini ukuthi lowo elizinikela kuye ukuze libe yizigqili zokumlalela, liyizigqili zakhe elimlalelayo, loba ezesono kube yikufa, loba ezokulalela kube yikulunga? 17 Kodwa kabongwe uNkulunkulu, ukuthi lina lake laba yizigqili zesono, kodwa selilalela enhliziyweni isimo semfundiso elanikelwa kuso; 18 njalo likhululiwe esonweni, lenziwe izigqili zokulunga. 19 Ngikhuluma ngokwabantu ngenxa yobuthakathaka benyama yenu; ngoba njengalokho lanikela izitho zenu njengezigqili zamanyala lokubi kube ngokubi, ngokunjalo zinikeleni izitho zenu khathesi njengezigqili zokulunga, kube yibungcwele. 20 Ngoba lapho liyizigqili zesono, lalikhululekile ekulungeni. 21 Ngakho sithelobani elilaso ezintweni ngalesosikhathi eselilenhloni ngazo? Ngoba ukucina kwalezizinto yikufa. 22 Kodwa khathesi-ke selikhululiwe esonweni, njalo selenziwe izigqili kuNkulunkulu, lilesithelo senu kube yibungcwele, lokucina kuyimpilo elaphakade. (aiōnios g166) 23 Ngoba inkokhelo yesono iyikufa, kodwa isipho somusa sikaNkulunkulu siyimpilo elaphakade ngoKristu Jesu iNkosi yethu. (aiōnios g166)

**7** Kalazi yini, bazalwane (ngoba ngikhuluma lalabo abawaziyo umlayo), ukuthi umlayo ubusa umuntu selokhu esaphila? 2 Ngoba umfazi owendileyo ubotshelwe ngomlayo endodeni ephilayo; kodwa uba indoda isifile, ukhululiwe emlayweni wendoda. 3 Ngakho uba indoda isaphila, uzathiwa yisifebe uba esiba ngowenye indoda; kodwa uba indoda isifile, ukhululekile emlayweni, ukuze angabi yisifebe uba esiba ngowenye indoda. 4 Ngakho, bazalwane bami, selenziwe lafa lani emlayweni ngomzimba kaKristu, ukuze libe ngabomunye, ngabalowo owavuswa kwabafileyo, ukuze sithetele uNkulunkulu izithelo. 5 Ngoba sathi sisenyameni, inkanuko zezono ezingomlayo zasebenza ezithweni zethu ukuthelela ukufa izithelo. 6 Kodwa khathesi-ke sesikhululiwe emthethweni, sifile mayelana lalokho esasibanjwe yikho, ukuze sikhonze ngobutsha bomoya, njalo kungeyisikho ngobudala bokulotshiweyo. 7 Pho-ke sizakuthini? Umthetho uyisono yini? Phinde! Kodwa bengingasazi isono, ngaphandle ngomthetho; ngoba bengingawazi umhawu futhi, uba umthetho ubungatshongo ukuthi: Ungabi lomhawu. 8 Kodwa

isono, sizuze ithuba ngomthetho, sasebenza kimi umhawu wonke; ngoba ngaphandle komlayo isono sifile. 9 Mina-ke ngake ngaphila ngaphandle komlayo; kodwa kwathi sekufike umthetho, isono savuka, njalo ngafa mina; 10 njalo umthetho ongowempilo, wona waficwa yimi ongowokufa; 11 ngoba isono, sizuze ithuba ngomthetho, sangikhohlisa, sangibulala ngawo. 12 Ngakho umthetho ungcwele, lomlayo ungcwele njalo ulungile, futhi muhle. 13 Ngakho okulungileyo kwaba yikufa kimi yini? Phinde! Kodwa isono, ukuze sibonakaliswe ukuthi siyisono, sisebenza ukufa kimi ngokulungileyo; ukuze isono ngomthetho sibe yikonakala okukhulu kakhulu. 14 Ngoba siyazi ukuthi umthetho ungowomoya; kanti mina ngingowenyama, ngithengisiwe ngaphansi kwesono. 15 Ngoba lokhu engikwenzayo, angivumelanilakho; ngoba kakusikho engikuthandayo, lokho engikwenzayo; kodwa lokho engikuzondayo, yikho engikwenzayo. 16 Uba ngisenza lokho engingakuthandiyo, ngiyawuvumela umthetho ukuthi ulungile. 17 Kodwa khathesi-ke kakuseyimi engikwenzayo, kodwa yisono esihlala kimi. 18 Ngoba ngiyazi ukuthi kimi, lokhu kuyikuthi enyameni yami, kakuhlali okuhle; ngoba kukhona ukuthanda kimi, kodwa ukwenza okuhle kangikutholi. 19 Ngoba okuhle engikuthandayo, kangikwenzi; kodwa okubi engingakuthandiyo, yikho engikwenzayo. 20 Kodwa uba ngisenza lokho mina engingakuthandiyo, kakuseyimi engikwenzayo, kodwa yisono esihlala kimi. 21 Ngakho ngithola umthetho wokuthi lapho ngithanda ukwenza okuhle, okubi kukhona kimi. 22 Ngoba ngiyathokoza emthethweni kaNkulunkulu ngomuntu ophakathi; 23 kodwa ngibona ezithweni zami omunye umthetho olwa lomthetho wengqondo yami, longithumbela emthethweni wesono osezithweni zami. 24 Mina muntu olusizi! Ngubani ozangikhulula kulumzimba walokhukufa? 25 Ngiyabonga uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Ngalokho-ke mina ngokwami ngikhonza umthetho kaNkulunkulu ngengqondo, kodwa ngenyama umthetho wesono.

**8** Ngakho khathesi kakukho ukulahlwa kubo abakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, kodwa ngokoMoya. 2 Ngoba umthetho woMoya wempilo kuKristu Jesu ungikhulule emthethweni wesono lowokufa. 3 Ngoba lokho umthetho owawungekwenze, ngoba ubuthakathaka ngenyama,

uNkulunkulu ethuma eyakhe iNdodana ekufananeni kwenyama elesono, njalo ithunyelwe isono, walahla isono enyameni; 4 ukuze ukulunga komthetho kugcwaliswe kithi, esingahambi ngokwenyama kodwa ngokukaMoya. 5 Ngoba bona abangokwenyama banakana izinto zenyama; kodwa abangokoMoya izinto zikaMoya. 6 Ngoba ukuzindla kwenyama kuyikufa; kodwa ukuzindla kukaMoya kuyimpilo lokuthula; 7 ngoba ukuzindla kwenyama kuyibutha kuNkulunkulu; ngoba kakuzehliseli ngaphansi komthetho kaNkulunkulu, ngoba kungekwenze; 8 lalabo abasenyameni kabalukumthokozisa uNkulunkulu. 9 Lina-ke alisenyameni, kodwa likuMoya, uba phela uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Uba-ke umuntu engelaye uMoya kaKristu, lowo kayisuye owakhe. 10 Uba-ke uKristu ekini, umzimba ufile ngenxa yesono, kodwa umoya uyimpilo ngenxa yokulunga. 11 Njalo uba uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKristu kwabafileyo uzaphilisa lemizimba yenu efayo, ngoMoya wakhe ohlala kini. 12 Ngakho, bazalwane, silomlandu, kungeyisikho enyameni, ukuthi siphile ngokwenyama; 13 ngoba uba liphila ngokwenyama, lizakufa; kodwa uba libulala imisebenzi yomzimba ngoMoya, lizaphila. 14 Ngoba bonke abakhokhelwa nguMoya kaNkulunkulu, bona bangabantwana bakaNkulunkulu. 15 Ngoba kalemukelanga umoya wobugqili ukuze libuye lesabe, kodwa lemukele umoya wokuma kwabantwana, esimemeza ngawo sisithi: Abha, Baba! 16 UMoya uqobo ufakazelana kanye lomoya wethu, ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu; 17 njalo uba singabantwana, siyizindlalifa futhi; izindlalifa zikaNkulunkulu, lezindlalifa kanye loKristu; uba phela sihlupheka kanye laye, ukuze lathi sidunyiswe kanye laye. 18 Ngoba ngithi inhlupheko zalesisikhathi kazilakulinganiswa lenkazimulo ezakwembulwa kithi. 19 Ngoba ukulangatha kokudaliweyo kulindele ukwembulwa kwabantwana bakaNkulunkulu. 20 Ngoba okudaliweyo kwehliselwa ngaphansi kobuze, kungeyisikho ngokuthanda, kodwa ngenxa yalowo owakwehliselayo; ethembeni 21 lokuthi lalokho okudaliweyo kuzakuhlulwa ebugqilini bokubhubha kuze kube senkululekweni yenkazimulo yabantwana bakaNkulunkulu. 22 Ngoba siyazi ukuthi konke okudaliweyo kuyabubula kanyekanye kuyahelulelwa kuze kube khathesi. 23

Kakusikho lokhu kuphela, kodwa lathi uqobo lwethu esilengqabutho yesithelo sikaMoya, lathi uqobo siyabubula ngaphakathi kwethu, silindele ukuma kwabantwana, uhlengo lomzimba wethu. 24 Ngoba sisindiswa ngethemba; kodwa ithemba elibonwayo kayisilo ithemba; ngoba lokho umuntu akubonayo, ukuthembelani futhi? 25 Kodwa uba sithemba lokho esingakuboniyo, sikulindela ngokubekezela. 26 Ngokunjalo loMoya uyasiza ubuthakathaka bethu; ngoba kasikwazi esikuhulekelayo njengokufaneleyo, kodwa uMoya uqobo usincengela ngokububula okungelakuphumisela; 27 yena-ke ohlola izinhliziyi uyakwazi lokho okuyingqondo kaMoya, ngoba uncengela abangcwele ngokwentando kaNkulunkulu. 28 Njalo siyazi ukuthi izinto zonke zisebenzelana okuhle kulabo abamthandayo uNkulunkulu, ababiziweyo ngokwecebo lakhe. 29 Ngoba labo abazi ngaphambili, wabamisa labo ngaphambili ukuthi bafanane lesimo seNdodana yakhe, ukuze yona ibe lizibulo phakathi kwezalamani ezinengi; 30 lalabo abamisayo ngaphambili, bona labo wababiza; lalabo ababizayo, bona labo wabalungisisa; lalabo abalungisisayo, bona labo wabapha inkazimulo. 31 Pho-ke sizakuthini kulezizinto? Uba uNkulunkulu engowethu, ngubani omelana lathi? 32 Yena ongazange ayigodle eyakhe iNdodana, kodwa wayinikelela thina sonke, uzayekela njani ukusinika ngesihle konke kanye layo? 33 Ngubani ozababeka icala abakhethiweyo bakaNkulunkulu? NguNkulunkulu olungisisayo; 34 ngubani olahlayo? NguKristu owafayo, njalo ikakhulu owavuswayo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, losikhulekelayo. 35 Ngubani ozasehlukanisa lothando lukaKristu? Ukuhlupheka, kumbe usizi, kumbe ukuzingelwa, kumbe indlala, kumbe ubuze, kumbe ingozi, kumbe inkemba yini? 36 Njengokulotshiwayo ukuthi: Ngenxa yakho siyabulawa usuku lonke; kuthiwa sinjengezimvu zokuhlathswa. 37 Kanti kulezizinto zonke sedlula abanqobi ngaye owasithandayo. 38 Ngoba ngileqiniso ukuthi kayisikho ukufa lempilo lezingilosi lababusi lamandla lezinto ezikhona lezinto ezizayo 39 lobude lokutshona laloba yisiphi isidalwa okuzakuba lamandla okusehlukanisa lothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu iNkosi yethu.

9 Ngikhuluma iqiniso kuKristu, kangiqambi manga, isazela sami sifakazelana lami ngoMoya

oNgcwele, 2 ukuthi ngilokudabuka okukhulu, lobuhlungu obungapheliyo enhliziyweni yami. 3 Ngoba ngingafisa ukuthi mina uqobo ngiqalekiswe kuKristu ngenxa yabazalwane bami, izihlobo zami ngokwenyama; 4 abangamalsrayeli, okungokwabo ukuma kwabantwana, lenkazimulo, lezivumelwano, lokunikwa komlayo, lenkonzo kaNkulunkulu, lezithembiso, 5 abangababo obaba, njalo avela kubo uKristu ngokwenyama, ophezu kwakho konke, uNkulunkulu obongekayo kuze kube nininini. Amen. (aiōn g165) 6 Kodwa kakunjengokuthi ilizwi likaNkulunkulu lehlulekile. Ngoba kakusibo bonke abavela kuIsrayeli, abangulsrayeli; 7 njalo kuzakuthi, endaweni lapho okwathiwa khona njalo kungesikuthi ngoba bayinzalo kaAbrahama, bonke bangabantwana; kodwa: Ngolsaka inzalo izabizelwa kuwe. 8 Lokhu kutsho ukuthi, kakusibo abantwana benyama, bona bangabantwana bakaNkulunkulu; kodwa abantwana besithembiso bathiwa yinzalo. 9 Ngoba ilizwi lesithembiso yileli elokuthi: Ngalesisikhathi ngizafika, njalo uSara uzakuba lendodana. 10 Kakusikho lokhu kuphela, kodwa loRebeka esekhulelwe ngomunye, ubaba wethu ulsaka; 11 ngoba abantwana bengakazalwa, bengakenzi okuhle loba okubi, ukuze icebo likaNkulunkulu elingokokukhetha lime, kungaveli emisebenzini, kodwa kuvele kobizayo, 12 kwatshiwo kuye ukuthi: Omkhulu uzakhonza omncinyane, 13 njengokulotshiweyo ukuthi: UJakobe ngamthanda, kodwa uEsawu ngamzonda. 14 Pho-ke sizakuthini? Kukhona ukungalungi kuNkulunkulu yini? Phinde! 15 Ngoba uthi kuMozisi: Ngizakuba lomusa kwengilomusa kuye, njalo ngimhawukele engimhawukelayo. 16 Ngakho kakusikho kothandayo, njalo kakusikho kogijimayo, kodwa ngokukaNkulunkulu olesihawu. 17 Ngoba umbhalo uthi kuFaro: Ngakuphakamisela khona lokho, ukuze ngibonakalise amandla ami ngawe, njalo ukuze ibizo lami litshunyayelwe emhlabeni wonke. 18 Ngakho uhawukela lowo athanda ukumhawukela; njalo amenze abe lukhuni lowo athanda ukumenza lukhuni. 19 Ngakho uzakuthi kimi: Usasolelani? Ngoba ngubani ongamelana lentando yakhe? 20 Hatshi bo, wena muntu, ungubani wena ophikisana loNkulunkulu? Okubunjweweyo kungatsho yini kowakubumbayo ukuthi: Wangenzelani ngabanje? 21 Kumbe umbumbi kalagunya yini phezu kwebumba, ukuthi ngesigaqa

sisinye enze isitsha esinye esihloniphekayo, lesinye esingahloniphekiyo? 22 Njalo uba uNkulunkulu ethanda ukubonakalisa ulaka lwakhe, lokwazisa amandla akhe, wathwala ngokubekezela okukhulu izitsha zolaka ezilungiselwe ukubhujiswa; 23 njalo ukuze azise inotho yenkazimulo yakhe phezu kwezitsha zomusa, ayezilungisele ngaphambili inkazimulo, 24 ngitsho thina, asibizileyo, kungeyisikho kumaJuda kuphela, kodwa lakwabezizwe? 25 Njengalokhu akutsho lakuHoseya: Abangeyisibo abantu bami ngizababiza ngokuthi ngabantu bami; lowayengathandwa ngokuthi ngothandekayo; 26 njalo kubizwa ngokuthi ngabantu bami, khona lapho bazabizwa ngokuthi ngabantwana bakaNkulunkulu ophilayo. 27 Lolsaya umemeza ngoIsrayeli esithi: Lanxa inani labantwana bakolsrayeli lingangetshebetshebe lolwandle, insali izasindiswa; 28 ngoba uzaqeda isenzo asiqume ngokulunga; ngoba iNkosi izakwenza isenzo siqunywe ngokuphangisa emhlabeni. 29 Njalo njengoba ulsaya watsho ngaphambili ukuthi: Uba iNkosi yamabandla ibingasitshiyelanga inzalo, besizakuba njengeSodoma, njalo besizakwenziwa sifanane leGomora. 30 Pho sizakuthini? Ukuthi abezizwe abangadingisisi ukulunga, bakubambile ukulunga, ukulunga-ke okungokholo; 31 kodwa ulsrayeli, edingisisa umlayo wokulunga, kawufinyelelanga umlayo wokulunga. 32 Ngani? Ngoba kabadingisisanga ngokholo, kodwa ngokungathi ngemisebenzi yomlayo; ngoba bakhubeka elitsheni lokukhubekisa, 33 njengokulotshiweyo ukuthi: Khangela ngibeka eSiyoni ilitshe lokukhubekisa ledwala lokuwisa; laye wonke okholwa kuye kayikuyangeka.

**10** Bazalwane, isifiso senhliziyo yami, lomkhuleko kuNkulunkulu ngenxa kaIsrayeli yikuthi basindiswe. 2 Ngoba ngiyabafakazela ukuthi balokutshisekela uNkulunkulu, kodwa kungenjengolwazi; 3 ngoba bengakwazi ukulunga kukaNkulunkulu, njalo bedinga ukumisa okwabo ukulunga, kabazehliselanga ngaphansi kokulunga kukaNkulunkulu. 4 Ngoba uKristu uyisiphetho somlayo ekulungeni kuye wonke okholwayo. 5 Ngoba uMozisi ubhala ngokulunga okungokomlayo, ukuthi umuntu owenza lezizinto uzaphila ngazo. 6 Kodwa ukulunga okungokholo kukhuluma kanje: Ungatsho

enhliziyweni yakho ukuthi: Ngubani ozakwenyukela ezulwini? Lokhu kuyikuthi ukumehlisa uKristu; 7 kumbe ukuthi: Ngubani ozakwehlela ekujuleni? Lokhu kuyikuthi ukumkhuphula uKristu kwabafileyo. (Abyssos g12) 8 Kodwa kuthini? Ilizwi liseduze lawe, emlonyeni wakho lenhliziyweni yakho; leli yilizwi lokholo esilitshumayelayo; 9 ukuthi uba uvuma ngomlomo wakho iNkosi uJesu, njalo ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uzasindiswa; 10 ngoba ngenhliziywo omunye uyakholwa kube yikulunga, langomlomo uyavuma kube lusindiso. 11 Ngoba umbhalo uthi: Wonke okholwa kuye kayikuyangeka. 12 Ngoba kakukho umehluko phakathi komJuda lomGriki; ngoba yinye iNkosi yabo bonke, inothele bonke abakhuleka kuyo. 13 Ngoba wonke loba ngubani ozabiza ibizo leNkosi uzasindiswa. 14 Ngakho bazayibiza njani abangakhohlwanga kuyo? Futhi bazakholwa njani kuyo abangezanga ngayo? Futhi bazakuzwa njani bengelamtshumayeli? 15 Njalo bazatshumayela njani uba bengathunywanga? Njengokulotshiweyo ukuthi: Zinhle kangakanani inyawo zabatshumayela ivangeli lokuthula, zabatshumayela ivangeli ngezinto ezinhle! 16 Kodwa kabalilalelanga bonke ivangeli. Ngoba ulsaya uthi: Nkosi, ngubani owakholwa umbiko wethu? 17 Ngakho ukholo luvela ekuzweni, lokuzwa ngelizwi likaNkulunkulu. 18 Kodwa ngithi: Kabezwanga yini? Yebo sibili, ilizwi labo liphumele emhlabeni wonke, lamazwi abo emikhawulweni yomhlaba. 19 Kodwa ngithi: Ulsrayeli kaqedisisanga yini? Kuqala uMozisi uthi: Mina ngizalivusela umona ngabo abangesiso isizwe, ngilithukuthelise ngesizwe esingelangqondo. 20 Lolsaya ulesibindi uthi: Ngaficwa yilabo abangangidinganga, ngabonakala kubo abangabuzanga ngami. 21 Kodwa kulrsrayeli uthi: Usuku lonke ngelulela izandla zami kubantu abangalaleliyo labalenkani.

**11** Ngakho ngithi: UNkulunkulu ubalahlile yini abantu bakhe? Phinde! Ngoba lami ngingumlsrayeli, owenzalo kaAbrahama, wesizwe sikaBhenjamini. 2 UNkulunkulu kabalahlanga abantu bakhe abazi ngaphambili. Kumbe kalazi yini kuElija ukuthi umbhalo uthini? Ukuthi walabhela njani kuNkulunkulu emelene lolsrayeli, esithi: 3 Nkosi, babulele abaprofethi bakho, badiilizile amalathi akho; mina-ke ngisele ngedwa, sebedinga umphefumulo

wami. 4 Kodwa impendulo kaNkulunkulu yathini kuye? Yathi: Ngizitshiyele amadoda azinkulungwane eziyisikhombisa, angaguqanga ngedolo kuBhali. 5 Kunjalo-ke kukhona langalesisikhathi insali ngokukhetha komusa. 6 Kodwa uba kungomusa, kakusayi ngemisebenzi; uba kungenjalo umusa kawuseyiwo umusa. Kodwa aluba kusiya ngemisebenzi, kakuseyiwo umusa; uba kungenjalo umsebenzi kawuseyiwo umusa. 7 Pho-ke? Lokhu ulsrayeli ayekudinga, lokho kakutholanga, kodwa abakhethiweyo bakuthola, labanye benziwa baba lukhuni; 8 njengokulotshiweyo ukuthi: UNkulunkulu wabanika umoya wobuthongo obukhulu, amehlo ukuze bangaboni, lendlebe ukuze bangezwa, kuze kube lusuku lwalamuhla. 9 LoDavida uthi: Itafula labo libe ngumjibila lesifu, lesikhubekiso, lempindiselo kubo; 10 amehlo abo kafiphazwe ukuze bangaboni, njalo ugobise umhlana wabo njalonjalo. 11 Ngakho ngithi: Bakhubeka ukuze bawe yini? Phinde! Kodwa ngesiphambeko sabo usindiso lufikile kwabezizwe, ukubavusela umona. 12 Kodwa uba isiphambeko sabo siyinotho yomhlaba, lokwehluleka kwabo kuyinotho yabezizwe, kakhulu kangakanani ukugcwala kwabo? 13 Ngoba ngikhuluma lani bezizwe, njengalokho mina ngingumphostoli wabezizwe; ngikhulisa inkonzo yami; 14 ukuthi mhlawumbe ngibavusele umona abenyama yami, ngisindise abanye babo. 15 Ngoba uba ukulahlwa kwabo kuyikubuyiswa komhlaba, kungaba yini ukwemukelwa, ngaphandle kokuthi kuyimpilo kwabafileyo? 16 Njalo uba izithelo zokuqala zingcwele, lenhlama injalo; uba-ke impande ingcwele, lengatsha zinjalo. 17 Kodwa uba kwephulwe ezinye ingatsha, lawe ongumhlwathi weganga waxhunyelwela phakathi kwazo, uhlanganyele lazo impande lamafutha omhlwathi, 18 ungazincomi phezu kwengatsha; kodwa uba uzincoma phezu kwazo, kayisuwe othwele impande, kodwa impande wena. 19 Uzakuthi-ke: Ingatsha zephulwa, ukuze mina ngixhunyelwe. 20 Kulungile; zephulwa ngokungakholwa, wena-ke umi ngokholo. Ungazikhukhumezi, kodwa yesaba; 21 ngoba uba uNkulunkulu engayekelanga ingatsha zemvelo, hlezi lawe kayikukuyekela. 22 Khangela-ke ububele lobukhali bukaNkulunkulu; ubukhali, kulabo abawayo; kodwa kuwe, ububele, uba uhlala ebubeleni; uba kungenjalo uzaqunywa lawe. 23 Lalabo futhi, uba bengahlali ekungakhohlweni, bazaxhunyelwa, ngoba

